# ISambulo, Isahluko SesiHlanu Ingxenye I

Ngibonga kakhulu, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise, mfowethu.

2 Sanibona ekuseni, bangane. Kuyajabulisa kulokhukusa, inhlanhla, noma inhlanhla enkulu, ngifanele ngisho, ukubuyela lapha etabernakele futhi nokuba nalesi sikhathi sibekwe eceleni ukwenzela ukukhonza kwethu kwasekuseni nenhlanganyelo ngaseZwini leNkosi. Ngikholwa ukuthi kwashiwo ngesinye isikhathi, "Ngajabula lapho bethi kithi, 'Masiye endlini yeNkosi.'" Ukuba kanye noMfowethu Neville futhi, nabangane bami abahle nabaligugu.

3 Futhi ngicabanga ukuthi kupholile kancane, noma kufudumele kancane emuva lapho. Futhi sine, ngiyacabanga, ezinye izishayisamoya eningazisebenzisa ngezandla zenu nga*le* ndlela. Uma—uma . . . sinezishayisamoya uma unemotho, ngakho-ke sigcine sihamba. Noma, besinesigejane ngalapha, ngicabanga ukuthi basenazo. Ngibona abanye besebenzisa izincwadi zamaculo noma yini enye. Futhi ku . . . into eyodwa esizama ukuba nezinkonzo mayelana nayo, ngukubalekela lezi zindawo ezi—ezisesikhathini esizayo eshisayo. Ngakho-ke si . . . Yingakho silapha kulokhukusa, ukudlula lezo zindawo. Futhi yinto eyodwa kuphela engenza lokho, lelo yiGazi leNkosi yethu uJesu Kristu elenza lokho.

4 Futhi ngijabule kakhulu ukuzwa umbiko omuhle webandla, ukuthi liqhubeka kanjani, liqhubeka neNkosi, nokuthi uNkulunkulu usebenzelana kanjani nani ngeziphiwo zokomoya. Futhi ngempela ngimbonga kakhulu uNkulunkulu ngezinhliziyo zenu eziqotho Angasebenzelana nazo, futhi ngethemba ukuthi Uzonigcina ngqo maphakathi kweNdlela eqondile nengumncingo, okungukuthi ningeke niye kwesokudla noma esobunxele nisuke kuYo.

5 Futhi ngifuna ukubonga uMfowethu Colvin nendodakazi yakhe, ngikholwa ukuthi bekunguye, obephezulu lapha emizuzwini embalwa edlule ocule lelo culo, *Akukho Zinyembezi EZulwini*. Lokho kuhle. Impela ngiyakuthakasela lokho.

6 Futhi njengoba uMfowethu Neville eshilo ngaye nami eminyakeni edlule, futhi ngingasho ukuthi ngoMfowethu Colvin, sesazane iminyaka. Futhi ukumuzwa ecula lawo maculo amadala eVangeli futhi ekhulisa abantwana bakhe ngendlela yeNkosi, kuyathokozisa kakhulu enhliziyweni yami.

Kungenza ngithokoze ukwazi ukuthi uNkulunkulu usenabantu abaMthandayo nabaMkhathalelayo. Futhi siyabonga ngalokho.

7 Manje, selokhu ngibuyile, ngizwa ukuthi abaningi ubhaphathizelwe ekuKholweni, futhi sijabule kakhulu ngalokho. Ngibona umngane wami omuhle, uMfowethu Elmer Gabehart emuva lapho. Ngiyaqonda ukuthi ubesanda kubhaphathizwa ekuKholweni, futhi ngibonga ngempela ngalokho. Lokho kwenza lonke iqeqebane lethu labazingeli elidala ezansi eKentucky selicishe lilungele nje, lithatha umkhawulo manje wodwa, akunjalo na?

8 Ngiyakhumbula (Futhi ngiyazi uRodney ungilalele egumbini elingemuva, uma esebuyile lapho nokho, noCharlie uhleli phambi kwami.) lapho sasivame ukwehlela lapho. Bonke abafana babethanda ukuthi, "Awu, yizingwejeje," bayothatha ezengeziwe ezimbalwa uma bebengazithola. Futhi ngathola ukuxoxisana nabo futhi lokho kwakungalungile. Ngakho-ke manje ba . . . iqembu lonke selilungela nje ukuguqulwa ngakho-ke ngicabanga ukuthi sizodingeka nje sidlulele ezweni elilandelayo futhi sibaqondise ngaleya. Lokho kuzoba kahle.

9 Ngakho-ke ngezinye izikhathi ngibuka phansi, njengawo wonke umfundisi, ezansi ngendlela yezinyawo oyihambile, futhi uzibuze nge—ngezinto, ukuthi uma—uma uhlwanyele iMbewu.

10 Wena . . . iningi lenu lazana kahle noJohnny Appleseed e . . . waseMelika. Ngani, kwakukhona futhi i—indoda eSweden eyabalelwa entweni enjalo, yahlwanyela izimbali. Futhi bathi yingakho benezimbali ezinhle kangaka eSweden manje, futhi ngenxa yokuthi bahlwanyela izimbewu zezimbali, nomaphi lapho ayengathola khona isiqinti somhlabathi imbewu eyayizokhula kuso. Wayezithanda izimbali ngakho-ke wavele waphonsa izimbewu nxazonke. Sewahamba kepha izimbali zakhe zisaphila.

> Futhi ukuhlukana kusishiya ngemuva
> Amanyathelo ezinyawo ezihlabathini zesikhathi;
>
> Amanyathelo ezinyawo, mhlawumbe omunye,
> Ngenkathi sisantweza phezu kwesisekelo sempilo,
> Umfowethu olahliwe nophukelwe ngumkhumbi,
> Ekuboneni, uyakuthatha inhliziyo futhi.

11 Futhi yilokho sonke esithanda ukukubona, ukuthi okuthile esikwenzile lokho okuzobangela abanye ukuba—ukuba bazuze ngalokho esikwenzile.

12 Izinsuku ezimbalwa ezedlule ngangihlezi, ngikhuluma nomngane wami oqotho omncane lapha edolobheni, udokotela wezokwelapha, uSam Adair. Wayesethi, "Unjani, Bill?"

13 Futhi ngathi, "O, ngikahle impela, ngiyacabanga, Dok." Ngathi; "Wena?"

14 Futhi wathi, "O, iziguli eziningi." Wathi, "Ngibe nokuxilongwa okuyishumi nanhlanu kulentambama."

15 Ngathi, "Awu, lokho kuhle inqobo nje uma kungukuxilongwa nje futhi ungatholi lutho olungalungile." Ngathi, "Uyazi, i . . . " Saqala ukukhuluma cishe emuva lapho sasisengabafana. Futhi ngathi, "Awu, Dok, angazi nje ukuthi ngizoba ngapha kade kangakanani. Sobabili sineminyaka engamashumi amahlanu."

Futhi wathi, "Lelo yiqiniso, Bill."

16 Futhi ngathi, "Kepha yonke le minyaka, cishe iminyaka engamashumi amathathu nanye yenkonzo manje, ngigcinile inhliziyo yami ngilungele lelo hora lapho Efika. Ngakho-ke akunandaba ukuthi Ufika nini."

Ngakho-ke wathi, "Lelo yiqiniso."

Ngathi, "Okuxhuxhumisa kunakho konke enginakho ukuphilela abanye."

17 Futhi wathi, "Yilokho impilo eyikho, okwenza impilo ibe eyangempela, kulapho wena . . . hhayi lokho ongakwenza noma uzifezele khona, kodwa lokho ongakwenzela abanye."

18 Niyabo, yilapho uphila khona ngempela. Futhi uma kwenzeka kube othile phakathi kwethu ongakaze akwenze lokho, wazama ukuphilela omunye umuntu, kuzame lokho, futhi ubone ukuthi ingakanani impilo yakho ekuphathele khona lapho ungeke uphilele lokho ongakuthola ngokwakho empilweni kodwa lokho ongakunikeza omunye umuntu empilweni. Futhi uzothola ukuthi kubusisike ngaphezulu kunezingcebo noma nanoma yini ye . . . okungacatshangwa ngayo. Kuyilokho ongakwenzela omunye umuntu ukwenza imithwalo yempilo . . . Okungukuthi, impilo qobo lwayo ingumthwalo. Futhi kuzokwenza kube lula kakhulu komunye umuntu. Wena nje awuyazi intokozo ngaphandle kokuthi uke wakuzama kanye, ukwenza okuthile wenzela omunye umuntu.

19 Futhi khona-ke lokho kungiletha ekucabangeni kweminyaka engamashumi amathathu nanye (ezoshesha) yenkonzo yeNkosi. Futhi ngicabanga ukuthi wonke umuntu uyacabanga ngesinye isikhathi lapho afanele afike kwinkonzo yakhe yokugcina futhi afike ehoreni lakhe lokugcina, futhi ubheka emuva endleleni futhi ubone ukuthi kube yini esifezekisiwe, ubheke ukuthi kwenzekani, "Ngabe kukhona noma yini oyenzile na?" Futhi uma . . . Ngisanda kusho, yilokho okwenzela abanye okushoyo.

20 Ngihlale ngizibuza ukuthi kuyoba yini lapho ngifika ekupheleni komgwaqo wami, esingazi ukuthi leso kuzoba ngasiphi isikhathi, akekho kithi. Ngakho-ke bengicabanga

ngokubheka emuva ezansi ngilandela umkhondo lapho engike ngafika ngadlula empilweni futhi ngabona amagquma ahlukahlukene neziqinti zameva namadwala nezindawo ezinzima nokugijima okubushelelezi, nokuthi ngenzeni kulezo zinhlobo zezikhathi. Konke kuzovela ngolunye lwalezi zinsuku ngehora lokumuka kwami. Futhi kuzokwenza lokho komunye ngamunye wethu. Sonke sizoqiniseka ngalokho, ukuthi kuzo— kuzovela komunye nomunye lapho leso sikhathi sifika.

21 Futhi lokho kungiletha noma kungiholela ukuthi ngisho okuthile engiyoqoka ukugijima kunokuba ngikusho. Kungiholela ukuthi ngisho okuthile engi . . . Kudlavaza inhliziyo yami iye maphansi ukukusho, kodwa engikushoyo ngiphoqelekile ukukusho, ngiqonda ukuthi lokhu kuyateyishwa futhi umhlaba uzokuzwa, kepha ngiyishiyile inkonzo ngenxa ye—isizathu ukuthi ngiyaxolisa ukuthi ngifanele ngiyishiyele sona. Futhi mhlasimbe iningi lenu lisizwile, mina ngivala ihhovisi lami, njalonjalo, futhi ngishiya insimu.

22 Angazi ukuthi iNkosi yethu izongiholela kuphi, nokuthi anginakulawula, noma ngabe yini Ezongenzisa yona. Kepha ngiyacabanga ekupheleni komgwaqo lapho ngifanele ngize khona. Futhi phansi ohambweni lwempilo ngenze amaphutha amaningi kangangokuba ngiyaxolisa kakhulu ngokusuka enhliziyweni ngakho, ngoba, ngiyacabanga, ukuba ngumuntu nobuthakathaka nokunye nokunye, kubangela umuntu ukwenza izinto noma asho izinto ezi . . . futhi aze azenze ukuthi ngeke bafune ukwenza ngenye indlela. Kepha ngokuba buthakathaka kwesidalwa esingumuntu, ngani, si—sinazo lezo zikhathi. Kepha lapho . . .

23 Uma kukhona noma yini obekusenhliziyweni yami ukuba ngiyenze, kwakungukuzwa lawo maZwi eNkosi yethu uJesu ekupheleni kwaloluhambo, ukuthi, "Kwenziwe kahle, nceku yaMi enhle nethembekileyo." Futhi izikhathi eziningi ngithe ngingathanda ukuthi ngabe ngimi lapho ngenkathi Ethe, "Woza kiMi"; kodwa ngiye ngafisa ukuLizwa lithi, "Wenze kahle." Ukuthi angizwanga iPhimbo, kokwasekuqaleni, lithi, "Woza kiMi," emuva ngezikhathi zokulotshwa kweBhayibheli; kodwa ngiyafisa ukuLizwa lithi, "Wenze kahle."

24 Futhi uma kukhona noma yini ebengifuna njalo ukuba yiyo, nokulangazelela kwenhliziyo yami kube yikho, kwakungukuba yinceku yeqiniso kuJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wami. Ngifuna ubufakazi bami kuhlanzeke, bucace, ukuthi ngema, kuwo wonke amaphutha ami nokho ngaMthanda ngenhliziyo yami yonke. Futhi ngenza lokho kulokhukusa ngayo yonke inhliziyo yami.

25 Futhi, ngenxa yalokho, kuyangiphoqa ukuthi ngithi ngiyayishiya inkonzo, yingenxa yokuthi kukhona okuqhamukile phakathi kwabantu okungibangela ukuba ngikwenze,

okungukuthi, ukuthi ngithathwe kubakaki bami bo "mfundisi" noma "umfowethu" nokubizwa ngoJesu Kristu, futhi ngakhoke biza...futhi lokho kuyongiphawula njengomphikukristu. Futhi ngizohlangana noNkulunkulu njengohlulekile ngaphambi kokuba ngihlangane naYe njengomphikukristu ukuze ngisuswe kuYe.

26 Ngizwe ngakho i—iminyaka embalwa edlule futhi bengicabanga ukuthi bekuyihlaya. Futhi ngihlangane nabafowethu abathi ababe babili (okungukuthi angiboni noyedwa wabo emhlanganweni kulokhukusa), ababili noma abathathu babo ngesinye isikhathi ohambweni lokudoba, futhi bangiqonda ngodaba lokuthi, "Mfowethu Branham, awusiye yini uMesiya ogcotshiweyo, uKristu na?"

27 Futhi ngabeka izingalo zami entanyeni yabo bobabili abafowethu, noma, bonke, ngase ngithi, "Bazalwane, impela nje njengoba ngizame ukuba yinceku yeqiniso kaKristu, angeke ukuthi niyosho into enjengaleyo. Futhi uma kungashiwo ngami, ngizobe-ke sengishiya insimu ngonembeza omsulwa, futhi wena owenza lokho uzoba nesibopho kuwo wonke umphefumulo lowo engabe ngawusindisa ngaleso sikhathi; niyabo, ngokungikhipha ensimini." Futhi ngacabanga ukuthi lokho kwakuqeda.

28 Futhi ngikuzwile ezinye izikhathi ezimbalwa. Kepha akubanga njalo. Futhi ngolunye usuku eCanada umfowethu wangibonisa ithikithi elincane lezinto ayeziphethe ephaketheni lakhe, kwathi "uWilliam Branham uyiNkosi yethu," ebhaphathiza egameni likaWilliam Branham. Futhi okuncane...okuyigugu...Ukube bekuyisitha, ukube bekuyisitha sami ngabe ngazi ukuthi kwakuyihlaya. Kepha oyigugu, umfowethu othandekayo ukhuphuka uyeza ukuzovuma izono zakhe namaphutha akhe futhi asho ukukholwa kwakhe kimi ngokuthi ngingu Jesu Kristu.

29 Futhi nginezincwadi amaletha ekhaya, nezingcingo ezivela eChicago nezindawo ezahlukahlukene, bengibuza ukuthi ngiyayikholwa yini leyo mfundiso-ze.

30 Futhi nginezinhlobo zonke zezincwadi amaletha ezingena ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, nezingcingo ezivela ezindaweni ezahlukahlukene, ngakho-ke, zithi ngangingu Kristu. Bazalwane, lokho kungawesabisayo, ahlazisayo, amanga kadeveli okungamesabi uNkulunkulu! Niyabo? Niyabo, ngingumfowenu. Manje, lokho kuyoxosha noma yimuphi umuntu ensimini. Lokho bekuzokwenza noma ngubani othanda uKristu ukuba abalekele yona kanye into.

31 Ngiye eNkosini lapha kungekudala, lapho ngiqala ukukuzwa, cishe unyaka odlule. Futhi khona-ke ngaya eNkosini futhi Yangibhekisela emBhalweni ukuthi ngenkathi uJohane eza eshumayela, ukuthi babengenaye umprofethi emhlabeni iminyaka eminingi kakhulu, kuze kube kuyoba...

bonke bamangazwa ezinhliziyweni zabo, becabanga ukuthi mhlawumbe uJohane wayenguMesiya. Ngakho-ke mina... Johane, baya bambuza, wathi wayengeyena. Wena funda lokho kuLuka isahluko 3, ivesi 15. Futhi ngakho-ke...Kepha lokho kwathi ukuthula, ngakho-ke ngakuyeka kwaqhubeka kanjalo.

32 Kodwa khona-ke uma sekufika kulokhu, khona-ke ngazi ukuthi okuthile kufanele kwenziwe. Futhi ngisho lokhu, "Ukuthi imibono neNgelosi yeNkosi eyabonakala emfuleni," (uma lo kuzoba ngumyalezo wami wokugcina noma into yokugcina ebandleni, ezweni) "lezo zinto ziyiQiniso, mayelana neNgelosi yeNkosi."

33 Futhi ngema nganganyakaza uma abantu bengibiza umprofethi izikhathi eziningi, ngoba *umprofethi* etestamenteni lesiNgisi nje ungu "mshumayeli, oprofethayo, obikezelayo weZwi," nokunye nokunye. Ngingakumela lokho ngoba ubungavele ukufuqele lokho phansi; kodwa uma sekuza ekukubizeni "UKristu oGcotshiweyo," noma okuthile, lokho kwakukukhulu kakhulu kimi. Ngakho-ke nje bengingehluleka ukukumela lokho.

34 Futhi ngakho-ke mayelana...ngiyeza...Ngemuva kokushiya umhlangano eCanada, ngithole ukuthi ngendlela phezulu kuma-Eskimos noma amaNdiya phezulu lapho, kwakungene phakathi kwabo.

35 Futhi ngakho-ke kuye kwangidabula wonke. Futhi uhambo lokuzingela engangilihlelile isikhathi eside kakhulu, angikwazanga ukuluthatha. Bengisaba ingozi yokuzingela, uma uqonda engikuqondile. Ngaqhaqhazela kakhulu, kabi kakhulu kunanjengoba ngimi lapha manje. Futhi angisakwazi nje ukukubekezelela, ukucabanga ukuthi amashumi amathathu nanye eminyaka enkonzo yehla ngepayipi lomsele likadeveli, langena e...Uma sengihambile, bazothini na? "Nangu lapho, yilokho kanye obekuyikho"; nakho konke ukuthonya ebenginakho phezu kwabantu, khona-ke uyabona lapho bekukhona, bengiyoba ngumphikukristu. Futhi bengingekwazi nje ukukumela!

36 Ngacabanga, "Kungcono ngifele lapha emahlathini, sengathi ngiwele phezu kwesibhamu sami noma okuthize, kunoku..." Futhi ngibonile ukuthi ngangi...Ngase-ke ngicabanga ngoJoseph wami omncane, nokunye nokunye, owayefanele akhuliswe. Futhi ngangingekho esimeni sokuzingela, ngakho-ke ngavele ngashiya amahlathini futhi ngabuyela ekhaya.

37 Futhi bengidabuke cishe izinsuku eziyisishiyagalombili noma eziyishumi, esimweni esinjalo ukuthi bengi—ngicabanga ukuthi bengilahlekelwa ngumqondo wami. Futhi ngicele nje wonke umuntu ukuthi aqhele kimi angiyeke ngedwa

ngoba ngisesimweni esinjalo futhi ngiguliswa yimizwa futhi ngicasukile futhi ngidabuke wonke ngaba izicucu.

38 Futhi ngazibuza; ukuba bekungaba yisitha esithile sami, bekungabe kulungile, kepha bengizovele ngikuhleke futhi ngiqhubeke; kodwa uma sekufika kubafowethu abathandekayo, odadewethu abathandekayo, khona-ke yilokho okungiphathe kabi. Futhi ngathi, "Nkosi, into enkulu . . . into inkulu kakhulu kimi, ngizovele ngihambe ngiphume futhi ngikushiye ezandleni zaKho. A—angazi lutho olunye engingalwenza."

39 Ubusuku obumbalwa obedlule, ukukuqinisekisa, ngaba noku—kuvakashelwa yiNkosi. Futhi ngibone owoyigugu . . . oyingane . . . i—inyoka ebiphuzi nokumnyama, futhi ingitshela eceleni ngqo, futhi i—futhi into yangishaya emlenzeni. Kodwa igazi belicebile kakhulu ayizange ibe namandla kimi. Futhi ngabheka phansi, futhi yilapho ebengikade ngikhona kancane phambilini. Futhi ngaphenduka ngokushesha nesibhamu futhi ngayidubula i—into, futhi sashaya ngqo maphakathi nento.

40 Futhi umfowethu wathi . . . Ngijike nesibhamu sami ukudubula ikhanda layo lisuke, futhi wathi, "Ungakwenzi lokho, cosha nje induku elele lapho ngakuwe." Futhi lapho sengiphendule umhlane wami ukuze ngicoshe induku, yagxumbukela emanzini, nje inqwatshana yamanzi.

41 Ngathi, "Awu, ngeke kulimaze isikhathi eside kakhulu manje ngoba ngiyakholwa umfowethu uyaqonda (abazalwane) ukuthi kuyokwenzekani." Ngathi, "Kuzo . . . Kulimele ngokufayo, ngakho-ke kuzokufa."

42 Futhi ngicela amalungu ami amaningi ebandla lami lapha, kulelitabernakele noMfowethu Neville nami, ozile kimi ngalowo mbuzo ofanayo: Bafowethu, bodadewethu, angizamanga yini ukuba inceku yeqiniso kaKristu ngaphambi kwenu na? Angizamanga yini ukuba ngumfowenu na? Manje, noma ngabe kukuphi, kungumoya kubantu abathandekayo. Abantu abaningi ungibuzile lokho. Kepha ku—kungumoya, kepha ngithemba ukuthi namuhla ukuthi kwemukela lelo nxeba elibulalayo futhi uzofa ngokushesha ukuze ngikwazi ukubuyela enkonzweni. Kuze kube yileso sikhathi, ngizocela yilowo nalowo, angikhulekele. Angazi ukuthi ngizokwenzenjani. Indawo yami iyathengiswa. Angikwazi nje ukukumela, ngi—ngi—ngihlala ngapha, ngizohlanya ngokuphelele. Futhi ngi . . . nginicela ukuba ningikhulekele.

43 Futhi, khumbula, uma wake wangikholwa, uma wake wangikholwa ukuthi ngiyinceku kaKristu, khumbula, "Lokho kuyiphutha! Kungamanga!" ISHO KANJE INKOSI! "Akulungile! Ungazihlanganisi nakho!" Ngingumfowenu.

Masikhothamise amakhanda ethu:

44 Baba waseZulwini, inyama yami iyathuthumela, izandla zami ziyampitshana, izinzwane zami ziyamunceka

ezicathulweni zami. O Nkulunkulu, yiba nesihe. Yini engake ngayenza, Nkosi, ukufanelwa yilokhu na? Ngiyakhuleka ukuthi Uzongihawukela kakhulu, Nkosi, nakubo bonke. Futhi phezulu lapho, futhi labo bantu abayigugu abathandekayo, kwangathi bangabona iphutha labo nalokho abakwenzile, Nkosi, ukwephula inhliziyo yomfowabo futhi uku. . .hhayi umfowabo kuphela, kepha uMsindisi wethu, uBaba wethu waseZulwini. Ngiyakhuleka ukuthi Uzosithethelela amaphutha ethu, Nkosi. Vumela iGazi elingcwele likaKristu manje lisondeze iziqu zethu ndawonye, Nkosi, futhi libusisiwe iGoda elibopha izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu nenhlanganyelo.

45 Nkulunkulu, kwangathi isitha esiye kubafowethu nodadewethu ne. . .kwangathi singathola inxeba elibulalayo elingeke lisaba khona; kwangathi singafa nje, Nkosi. Uma wenza lokho, Baba, ngizobuyela emuva ensimini futhi. Kepha kuze kube yileso sikhathi, Nkosi, ngiyinceku yakho ephuke inhliziyo, ilindile, ilindile. Kungaphezu kwanoma yini engingayenza. Ngezinyembezi nangokukhala nangokunxusa ngazama, Nkosi, kanzima (Uyayazi inhliziyo yami.) ukuyimisa kungakafiki kude kangako, kepha kudlulele ngaphezu kwanoma yini ebengingayenza. Ngakho-ke, Baba, ngiyinikela eZandleni zaKho kusuka kuleli pulpiti engishumayele kulo kuyo yonke le minyaka. Ngiyinikela eZandleni zaKho.

46 Manje, Uyakubona, Baba, ngendlela yaKho uQobo yaPhezulu. Futhi lapho konke sekuqediwe nakho konke sekuphelile, khona-ke inceku yaKho iyakubuya. Kuze kube yileso sikhathi ngizobe ngilinde ukuzwa kuWe, Nkosi.

47 Sibusise manje futhi usinike inkonzo enkulu namhlanje; njengoba silapha hhayi ngokuphelele ngalokhu, kodwa nje ukukucacisa, esidlangalaleni, ngaphambi kwezwe. Ukuze bazi, Baba, ukuthi ngiyaKuthanda futhi ngiyaKukholwa futhi ngiye ngamela Wena, futhi—futhi ngifuna ukukwenza. Uma ngifanele ngihambe, ngivumele ngihambe, Nkosi, ngenhliziyo ehlanzekile nerekhodi langempela lokuthi ngiyaKukholwa futhi ngiye ngaKwethemba. Ngiphe khona. Futhi ngizoKudumisa futhi sizoKunika inkazimulo kuyo yonke iminyaka ezofika ngoJesu Kristu. Amen.

48 Manje, ngaleya emiBhalweni, asiphenye eBhayibhelini ku. . .Ngicabange ukuthi kulokhukusa kungaba yinto enhle, uma uMfowethu Neville engenankinga, ukuqhubeka nje imizuzu embalwa e. . .

49 Manje, ngi. . .Ngingaphinde ngikuzwe kanye futhi kubalulwa phakathi kwanoma yimuphi kini. Vele ukhuleke futhi ukugcine kungaphandle, ukuvalele ngaphandle. Niyabo? Angi. . .ngi—ngi—ngineminyaka engamashumi amahlanu nambili ubudala, kodwa ngicabanga ukuthi mhlawumbe, uma uNkulunkulu engigcina, nginokuphila okuncane okusele, futhi

ngifuna ukuchitha lonke i-awunsi lesikhathi sami ngoKristu. Ngakho-ke, khumbula, ngiyashiya ngoba ngiphoqelekile ukukwenza.

50 Manje, eNcwadini yeSambulo, esahlukweni 4 lapho sashiya khona ngolunye usuku lapho sasisekutadisheni... iSambulo, isahluko 4, ngiyakholwa, engxenyeni yokugcina yevesi, lesahluko. Awu, bangaki abathanda iSambulo na? Kuyamangalisa! Manje, ngikholwa ukuthi sayeka esahlukweni 5—5, asishiyanga na? Sashiya, isahluko 4, iziDalwa ezine eziphilayo. Manje, asisondele eZwini manje, sikhohlwa lezo zinto esezadlula.

51 Baba Nkulunkulu, Wena sisize manje njengoba sesinokwethuka, kepha sisondela eZwini. Sikhohlwa lokho osekwedlule, siyacindezela manje emgomweni wobizo lwaphezulu, ubizo lwaphezulu lwenkonzo ukuba inceku kuKristu. Siphe iZwi kulokhukusa futhi wondle imiphefumulo yethu elambile, ngokuba siyalangazelela, Nkosi, futhi silindele lokho kugcotshwa okuyigugu kukaMoya oNgcwele. Woza phakathi kwethu, Nkosi, uthethelela izono zethu neziphambeko zethu futhi usivumela sibe yizinceku zaKho. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

52 Manje, sithathe iminyaka yebandla, imiNyaka yeBandla eyiSikhombisa yokugcina. Futhi khona-ke, manje, ngikholwa ukuthi abanye babo bazama uku...bazobhala lokhu, iminyaka yebandla. Bese-ke singena esahlukweni 4 seNcwadi ye *ISambulo Sika*...Kuyini lokhu na? *ISambulo SikaJesu Kristu*. I*Sambulo*, sibizwa ngokuthi ngesiLatin, i-*Apocalypse*, okusho "ukwembulwa, ususwa i—isembozo sakho, ukukhombisa, ukuveza obala," ukuveza isambulo sikaJesu Kristu oWayekhona, oKhona, noYaKuza, iMpande neNzalo kaDavide.

53 Manje, esahlukweni 4, sithola ukuthi uJohane wahlwithelwa eZulwini ngemuva kokuba esebone iminyaka yebandla. Ukuthola isendlalelo esincane manje, bese kuthi-ke sizo...

54 Mhlawumbe kungangcono ukufunda amavesi ambalwa esahluko 5, bese kuthi-ke sizoqala phakathi ngqo ngesendlalelo.

> *Ngase ngibona esandleni sokunene sakhe owayehlezi* phezu *kwesihlalo sobukhosi incwadi ilotshiwe ngaphakathi na...ingemuva, inamathelisiwe ngezimpawu eziyisikhombisa.*
>
> *Ngase ngibona ingelosi enamandla imemeza ngezwi elikhulu ithi, Ngubani ofanele ukuvula le ncwadi nokuqaqa izimpawu zayo na?*
>
> *Kwakungekho namunye ezulwini, nasemhlabeni, nangaphansi komhlaba, owayenamandla okuyivula incwadi, abuke kuyo.*

*Ngakhala kakhulu . . . ngokuba kungafunyanwanga namunye ofanele ukuyivula futhi . . . funde incwadi, abuke kuyo.*

*Omunye wamalunga* wathi *kimi, Ungakhali: bheka, inqobile iNgonyama yesizwe* se . . . *sakwaJuda, iMpande kaDavide,* i*nqobile ukuba ivule incwadi, nokuqaqa izimpawu zayo eziyisikhombisa.*

*Ngase ngibona, futhi, bheka, ngaphakathi kwesihlalo sobukhosi ne . . . izidalwa ezine, nangaphakathi kwamalunga, kumi iWundlu kungathi lihlatshiwe, linezimpondo eziyisikhombisa namehlo ayisikhombisa, angoMoya abayisikhombisa bakaNkulunkulu abathunyelwe emhlabeni wonke.*

*Futhi leza futhi layithabatha incwadi esandleni sokunene sakhe owayehlezi esihlalweni sobukhosi.*

Lelo amavesi okuqala ayisikhombisa.

55 Manje, manje, esahlukweni 3 seSambulo, sithola isiphetho soNyaka weBandla, owaphela ngeLawodikeya, unyaka webandla osivivi. Khona-ke sithola ukuthi, ngokushesha emva kwalokho, uJohane wahlwithwa kuMoya, phezulu emaZulwini. Futhi wabona izinto ezazikhona, nezazizoza, nezinto ezazikade zikhona. Manje, sithola ukuthi, ibandla alisaveli kuze kufike esahlukweni 19 seSambulo, khona-ke libuya kanye neNkosi yalo, ligezwe ngeGazi ngokukhazimulayo.

56 Manje, kulesi sicaphuno sokugcina, okwesindlalelo esincane ukuhlela lapho uJohane ekhona manje, sithole ukuthi emlayezweni wokugcina . . . bengikubheka nje kafushane izolo, okunye kwengqikithi ebengikhulume ngayo. Futhi uJohane wenyuselwa eZulwini wase ebona lezo zinto. Futhi ngiye ngaqaphela phakathi lapho ukuthi Wayenginikeze isambulo, ukuthi . . . Niyazi, emva kovuko lwaKhe abaningi ubenaYe, futhi abanye bathi, "Yini ezokwenzeka kulo muntu oncike phezu kwesifuba saKho (Johane)?"

57 UJesu waphenduka wayesethi kuye, "Kuyini kuwe uma elibala ngize Ngifike na?" Ngakho-ke Akazange . . .

58 Kwabe-ke sekuphuma imfundiso. Niyabona ukuthi kungaqala kalula kanjani na? Nakho kuphuma imfundiso ukuthi—ukuthi "uJohn wayengeke afe aze abone uJesu efika, kuze kufike ukuFika kwesiBili." IBhayibheli lathi kwakukhona imfundiso eyaphuma kulokho.

59 Kanjani, uJesu akazange akusho ngaleyondlela. Wathi, "Kuyini kuwe uma elibala ngize Ngifike na?"

60 Manje, sithola ukuthi waphakanyiselwa ezulwini futhi wabona kusukela ngalesosikhathi kuze kube sekufikeni kweNkosi, ngokungathi wayekade elapho futhi wakubona konke kwenzeka. UJohane qobo lwakhe akazange aphile . . . Waphila

iminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nokuthile ubudala, futhi wafa ngo—ngokufa kwemvelo (okuwukuphela kwakhe wabaphostoli) ngemuva kokubuya ekudingisweni kwakhe esiqhingini sasePatmose.

61 Manje, kunephuzu elilodwa elivelele enginga . . . (ngicabanga ukuthi bathathe elami . . . ibhodi lami elimnyama, kodwa . . .) Ngingathanda ukugcizelela kukho kancane ngaphambi kokuthi sishaye le nto esemqoka. O, lokhu kuyakhazimula! Esimangalisayo, isahluko esimangalisayo.

62 Bese kuthi-ke sona kanye isahluko esilandelayo siqala ngokuvula lezi zimpawu. O, he! Futhi khona-ke sifanele seqe kusukela lapho futhi siye ezindaweni ezahlukahlukene eBhayibhelini, ukuthola lezi zimpawu lapho zivuleka nokuthi ziyini izimfihlakalo zazo. O, ziyakhazimula, zicebile ngamavithamini okomoya!

63 Manje, sibona ukuthi enye yezinto ezinkulu ezivelele engingathanda ukuninakisa zona, kwakuyiziDalwa eziphilayo (zengxenye yokugcina yesahluko 4) uJohane azibona ebhekisisa uMphongolo weSivumelwano. Niyakhumbula ukuthi babelungiswe kanjani njengo-Israyeli nje ekumasheni kwawo na? Babene, manje, phezulu lapho, kwakuwubuso besiDalwa esiphilayo. Futhi sithole ukuthi lezi ziDalwa zazingezona iziNgelosi, kanjalo zazingesibo abantu. ZazingamaKherubi. Futhi sizithole eTestamenteni eLidala nomphongolo. Sizithola eTestamenteni eLisha. Bese-ke sizithola ngaleya ekuFikeni kweNkosi futhi, amaKherubi egade isihlalo somusa.

64 Isihlalo somusa okungekho muntu owayengasondela kuso ngaphandle uma kwakukhona umhlatshelo lapho walowo muntu, indlela kuphela ukuthi indawo engcwele . . . Lapho yafafazwa ngegazi, khona-ke saba isihlalo somusa. Kepha emva kokuba igazi lase lisusiwe, khona-ke laba isihlalo sokwahlulela.

65 Futhi, o, he, akekho noyedwa owayengamela izahlulelo zikaNkulunkulu. Into eyodwa kuphela esingayibheka ngumusa, hhayi ukwahlulela, hhayi ukulung- . . . ukulunga. Asikwazi ukusondela ebulungisweni baKhe; ngoba, ubulungiswa baKhe, Uyofanele agcine iZwi laKhe; futhi egcina iZwi laKhe, "Usuku lapho udla, ngalolo suku uyafa." Ngubani ongafuna ubulungiswa na? Angifuni ubulungiswa. Ngicela umusa. He, makuthi umusa kaNkulunkulu . . . Futhi isihlalo somusa sifafaziwe!

66 Kepha kwakunesikhathi sokuhlanzwa kwendawo engcwele, lapho kwakuyisihlalo sokwahlulela inqobo nje uma igazi lalisukile esihlalweni.

67 Manje, sesisondela kuleso sikhathi *manje*. Manje siyasondela, kulonyaka, ukuhlanzwa kwendawo engcwele nezahlulelo ezizayo phezu komhlaba. Niyabo? Inqobo nje uma iGazi lilapho, uNkulunkulu ngeke awubhubhise umhlaba;

inqobo nje uma iGazi lilapho, akekho oyisoni phambi kukaNkulunkulu. Wonke umuntu ulungile, ngoba kukhona ukuHlawulelwa kwawo wonke umuntu. Kepha uma wehluleka ukwamukela lokho kuHlawulelwa futhi ungene eBukhoneni baKhe, khona-ke uyisoni, ungale kwalowo musa. Khona-ke usuzahlulele. Kepha manje lapho kusekhona umusa . . . Kepha lapho kufika ukuhlanzwa kwendawo engcwele, iGazi lisuka esihlalweni somusa bese-ke ulaka lukaNkulunkulu luwela phezu komhlaba. O, he! Nkulunkulu yiba nomusa kithi, ukuthi thina singatholwa kulolosuku singenamusa kaNkulunkulu.

68 Manje, sibona phakathi lapho . . . Ngizozama ukuthi ukukulingisa ngokomoya lapha, noma ukunidwebela khona ngezandla zami, ukuthi kwakukhona amagumbi amane ukuthi u-Israyeli wahlala kanjani emathendeni. Babeka u—umphongolo maphakathi nendawo, nasezinhlangothini ezine zethende kwakuziyizizwe ezintathu zakwa-Israyeli, futhi okune okuthathu yishumi nambili, noma okuthathu okune, njalo, yishumi nambili. Futhi bobathathu ngamunye babenenhloko. Futhi inhloko ngayinye yesizwe . . .

69 Omunye wabo kwakunguRubeni, wayehlala njalo emise amathende ngase—eningizimu. Wayeyikhanda lomuntu. Futhi u-Efrayimi wangasentshonalanga, nezizwe ezintathu, wayeyi—yinkabi. I . . . Bese-ke empumalanga kwakunguJuda, oyingonyama. Futhi enyakatho kwakunguDani, owayelokhozi. Manje, qaphela. Niyabakhumbula na? Nonke niyabakhumbula kahle, ukuthi saba dweba kanjani: ukhozi, nenkabi, no—umuntu, nengonyama.

70 Manje niyaqaphela, uJuda uqapha isango lasempumalanga. Futhi uKristu uyi "Ngonyama yesizwe sakwaJuda." Uyokwehla ezibhakabhakeni zasempumalanga, angene ngendlela yesango. Uvela esangweni lasempumalanga evela esizweni sakwaJuda. Futhi Uyi "Ngonyama yesizwe sakwaJuda."

71 Futhi siyathola, phezu komlayezo wethu ozayo kulokhukusa, ukuthi Usamenyezelwa ukuthi "INgonyama yesizwe sakwaJuda, iMpande, sona kanye isiqalo sikaDavide." UDavide wayeyinkosi, Phakade. Futhi uKristu uhlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, oyiNkosi yaPhakade. "Akusoze kwaba noyedwa oyohlulekisa uDavide." Haleluya! "Akusoze kwaba noyedwa ohlulekisa uDavide!" UNkulunkulu wakwethembisa lokho, wathi, "Akekho oyohlulekisa uDavide, akekho noyedwa."

72 Wena uthi, "Kuthiwani ngenamhlanje, baphi labo bahluleli abangamaJuda na?"

73 Usenayo iNzalo, uKristu uyiNdodana yakhe ngokwenyama. Nakho kuhleli oyedwa lapho. "UDavide akayi kuhluleka." Kunjalo. Futhi uKristu uyileyo "Ngonyama yesizwe sakwaJuda" uDavide avela kuyo.

74 Manje, sithola ukuthi babengabaqaphi esihlalweni somusa. Babeqapha isihlalo somusa. Akukho okufika kuso, kwakudlula izizwe kuqala ngaphambi kokuthi kukwazi ukufika esihlalweni somusa. Wonke umuntu uyavuma ukunikela ukuphila kwakhe, wonke um-Israyeli ekamu wayezofa ngaphambi kokuthi noma yini ingene ekamu ngaleya futhi ithathe leso sihlalo somusa. Futhi manje siyathola ukuthi lokho kwakungumyalo weTestamente eLidala.

75 Futhi ngohlu lweTestamente eLisha sithola into efanayo, ukuthi sasiqashwa, isihlalo somusa. O, ngithemba ukuthi niyakuthola! Isihlalo somusa sisaqashiwe, sisenabaqaphi. Sithole ukuthi labo baqaphi uMathewu, uMarku, uLuka, noJohane, beqapha iNcwadi yeZenzo, izenzo zikaMoya oNgcwele zenziwe phakathi kwabaphostoli, okuyi—yiNcwadi yeZenzo yeLisha yeTestamente eLisha. Futhi ababhali abane bamaVangeli, uMathewu, uMarku, uLuka, noJohane, bonke baqapha leso sihlalo somusa ukukhombisa ukuthi uNkulunkulu, uMoya oNgcwele namuhla. UmBhalo ngamunye, uMathewu, uMarku, uLuka, noJohane, ngamunye wabo uzokweseka iVangeli leqiniso leNkosi uJesu Kristu nezenzo zikaMoya oNgcwele.

76 Manje, lapho singena ngaphezu kwaLokho khona-le lokho akusiKho. Kepha Kusekela uMlayezo weqiniso! Njengoba sithola eZenzweni 2:38, lapho, "Phendukani, futhi nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu."

77 Futhi namhlanje bamukele iGama lika "Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele" ukuba babhaphathizwe kulo. Awukho umBhalo walokho! Akukho kusekelwa. Akukho—akukho lutho oluqapha lokho, hhayi into! Wena uthi, "UMathewu." UMathewu waLiqapha. UMathewu 28 . . . 1:18 wathi:

> . . .*ukuzalwa kukaJesu Kristu kwaba nje: Kwathi . . . unina uMariya esemiselwe uJosefa,* ngaphambi *kokuhlangana, wafunyanwa ekhulelwe ngoMoya oNgcwele.*
>
> Konke kwenzela lapho . . .*UJosefa indoda yakhe,* (njalo) *engumuntu olungileyo, . . .e*ngafisi *ukumthela ihlazo, wayefuna uku—ukumlahla* ngasese, ngalokhu.
>
> *Esazindla ngalokho, bheka, ingelosi yeNkosi yabonakala* kuye *ngephupho, ithi, Josefa, ndodana kaDavide, ungesabi ukumthatha uMariya umkakho: ngokuba lokho akukhulelweyo kungoMoya oNgcwele.*

78 Khona-ke, uMoya oNgcwele kanye noNkulunkulu uBaba nguMuntu ofanayo noma Wayenobaba ababili. Niyabo? Ngakho-ke niyabo!

> *Uzakuzala u*mntwana, . . .*uyiqambe igama lokuthi uJESU:* . . .

> . . . futhi *lokhu kwenzeka, ukuba kugcwaliseke . . . okwakhulunywa yi . . . mprofethi, . . .*

79 UNkulunkulu uzoba nathi, obizwa ngokuthi u-Imanuweli, onguNkulunkulu, uBaba, iNdodana, noMoya oNgcwele, eGameni elilodwa (uJesu Kristu) okuqapha lelo sango elimelene nephutha.

80 Izinsuku ezimbalwa ezedlule e-Chicago, ngaphambi kwenhlangano ezikhonzisayo yaseChicago, iChicago enkulukazi . . . ngangazi . . . UMoya oNgcwele wangivusa ebusuku futhi wangitshela ukuthi, "Yima ngasewindini." Wathi, "Kuneqembu labefundisi futhi bakulungiselela isidlo sasekuseni." Wathi, "Qaphela, bazokuhlasela phezu kwalokhu."

81 Ngathi, "NgiyaKubonga, Nkosi." Wangibonisa lapho kuyolungiswa khona.

82 Futhi ngahamba futhi ngatshela abanye abefundisi, uMfowethu Carlson noMfowethu Tommy Hicks, kuyoba kanjani. Ngathi, "Indawo oyiqashile, ngeke ibe kanjalo. Sizoba kwenye indawo." Washo ukuthi uDokotela Mead wayezobe ehleli kanjani; umuntu oyikhaladi uyongena kanjani, ehleli ngalendlela; nakho konke ngakho.

83 Khona-ke ngalokhokusa, futhi bathi . . . Indodana yami yathi kimi, yathi, "Babayi, uwelele lapho kulokho kuqophisana na?"

84 Futhi ngathi, "Angizukuqophisana. Ngiyawela, ngigcotshwe uMoya oNgcwele, neZwi likaNkulunkulu elizoqapha leso sihlalo somusa, isikhathi eside njengoba Elapho."

85 Ngakho-ke lapho sifika lapho, ngaphambi kokuthi baze bathole ngisho nethuba lokubuza into eyodwa, uMoya oNgcwele wakhuluma kimi, wathi, "Manje yisikhathi sokukusho."

86 Ngathi, "Ngiyazi ukuthi kungani ulapha." Futhi ngathi, "Manje, Mfowethu Hicks, nawe noMfowethu Carlson, inhloko yeChristian Businessmen," Ngathi, "akuyona yini yonke into ncamashi ngendlela nje uMoya oNgcwele ongitshele kuthangi na? Ukuthi awulitholanga lelo gumbi, sizobe silapha na?" Futhi basanda kulithola nje ngalokho kusa. Futhi ngathi, "Manje bukani, wonke umuntu ubekwe nje ngendlela Asho ngayo." Ngathi, "Into enifuna ukungibuza ngayo iseGameni likaJesu Kristu ngombhaphathizo."

87 Futhi uma thina . . . UMoya oNgcwele uqala ukuthatha iZwi likaNkulunkulu futhi uKwembule futhi uLihumusha phansi kanjalo, lapho zonke lezo zigejane zabefundisi abakaziqu-zintathu behleli lapho, befinyelela ngaphansi kwetafula futhi bexhawulana futhi izinyembezi zehla ezihlathini zabo. Futhi ngiyaqonda ukuthi abangamashumi ayisikhombisa nambili kubo behlela lapha kuleli tabernakele ukuba ngibabhaphathize eGameni likaJesu Kristu.

88 Isihlalo somusa siqashiwe, niyabo, uMoya oNgcwele uqapha isihlalo somusa. Sifanele siligcine ncamashi nje. . . Vumela leloZwi likaNkulunkulu. . . lezo zithunywa ezinkulu zihleli lapho, uMathewu, uMarku, uLuka, noJohane, lowo osekela zonke izenzo zaleloTestamente eLisha.

89 Futhi manje, manje, yilokho kanye engikushilo engxenyeni yokuqala yalomlayezo wasekuseni, asikugcine lapho kuqashwe yiVangeli. Niyabona na? Niyabo? Kugcine lapho ngqo lapho amaVangeli ezoLivikela khona.

90 Manje, sithola phakathi lapho, babeqapha isihlalo sikaNkulunkulu somusa eTestamenteni eLidala; futhi lapho, uMathewu, uMarku, uLuka, uJohane, bonke. Futhi ngisho neNgonyama yesizwe sakwaJuda yabeka phansi ukuphila kwaYo ukuze iqaphe leso sihlalo somusa, ikufafaze ngeGazi laYo uQobo. Futhi nanso Imile kulokhukusa, namuhla, uMnqobi omkhulu oyakukwehla evela eMpumalanga ngolunye usuku siyakuMbona.

91 Manje, siphenya ngokushesha, ngoba ngiyazi kunenkonzo yokubhaphathiza. Iyini le Ncwadi enamatheliswe ngezimpawu eziyikhombisa na? O, into enkulu kanje pho! Nike naqaphela ukuthi kushiwo kanjani lapha, "Kwakuyizimpawu eziyisikhombisa kwinge*muva* leNcwadi"? Yinto ethile. . . O, kwangathi uNkulunkulu angasisiza manje futhi asinike isibindi, futhi mhlawumbe kungekudala ngingakutholela nina. Bukani, lokhu akulotshwanga eZwini, kubekwe uphawu ngemuva kweZwi. INcwadi yayinamatheliswe ngalezizimpawu eziyisikhombisa. Yonke imfihlakalo yeNcwadi inamatheliswe ngalezi zimpawu eziyisikhombisa. Lesi ngesinye sezahluko ezinkulu kunazo zonke kuyo yonke iNcwadi yeSambulo. Bukani:

> *Ngase ngibona esandleni sokunene sakhe owayehlezi* phezulu *esihlalweni sobukhosi incwadi ilotshiwe ngaphakathi na. . .* i*lotshiwe ngaphakathi* (Ingaphakathi lilotshiwe, yilokho esikufundayo kulokhukusa.) *na. . . ngemuva, inamathelisiwe ngezimpawu eziyisikhombisa.*

Ngaphandle kweBhayibheli, okungashiwo ngisho nayiBhayibheli, kunamatheliswe ngophawu phakathi lapha ngezimpawu eziyisikhombisa: izimfihlakalo zikaNkulunkulu.

92 Manje, kuyini na? Manje, qaphelani. Uphawu lumele umkhiqizo osuphelile, okuthile sekuvele kuhloliwe, kwafakazelwa, kwase kunamatheliswa ngophawu. Kukuphi. . . Sinokuqiniseka kwensindiso yethu manje ngokunamatheliswa ngophawu ngoMoya oNgcwele. Lokho isibambiso sensindiso yethu.

93 Asibuyele emuva, umzuzu nje. Ngi—nginomBhalo obhalwe phansi lapha, emininingana yayo, angi. . . ngeke ngibe nesikhathi

sokufinyelela kuyo yonke. Kodwa asibuyele kwabase-Efesu, umzuzwana nje, futhi sifunde i... esahlukweni 1 sabakwabase-Efesu, ukuze ningakwazi ukuthola incazelo yangempela.

> *UPawulu, umphostoli kaKristu Jesu ngentando kaNkulunkulu, kubo abangcwele abase-Efesu,...*

94 Futhi, khumbula, uJohane wabhala le ncwadi iletha kwabase-Efesu, iya kwabase-Efesu nabathembekile kuKristu, labo uPawulu ayeshumayele kubo futhi wakhulisa, wakhulisa ngeVangeli. Niyabo?

> *...abase-Efesu, nakwabathembekile kuKristu...*

95 Yilabo asebevele bekuKristu. Singena kanjani kuKristu na? "NgaMoya munye sonke sibhaphathizelwe eMzimbeni munye," okungukuthi uMzimba kaKristu.

> *Makube kini umusa, nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba wethu, na...Nkosini uJesu Kristu.*

> *Makabongwe uNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile ngezibusiso zonke zokomoya ezindaweni zasezulwini kuKristu* Jesu:

96 Cabanga ngakho manje! Usibusisile ngawo wonke umusa wasezulwini, izibusiso, njengoba sihlangana ndawonye kuKristu uJesu (njengamakholwa, iBandla elikhethiweyo, elibizelwe ngaphandle, labekwa eceleni). Usinamathelise ngophawu ngoMoya waKhe oNgcwele, futhi manje usembulela zonke izinto ezisekusaseni lethu. Manje sikhuphukele ezimpawini eziyisikhombisa.

> *Njengalokhu asikhethela kuye ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuba sibe ngcwele futhi singabi nakusolwa...ngothando:*

> *Wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba kuhle ngentando* yaKhe uQobo*,...*

97 Umqondo omuhle kanje pho lo! Asifunde siqhubeke umzuzu nje. Ngifuna ukufinyelela phansi lapha ikakhulukazi evesini 12, nele 13, 14:

> *Ukuze sibe ludumo lwenkazimulo yakhe, thina esethemba ngaphambili ku*Ye.

> *Kuye nani enamethemba, nina esenizwile izwi leqiniso,* ne*vangeli lokusindiswa kwenu: kuye... ngemva...nakholwa,* nina *nabekwa uphawu ngoMoya ongcwele wesithembiso,*

98 "Ngemuva kokuthi nikholiwe." O, mfowethu weBaptisti, ungasho kanjani ukuthi Lokho akunjalo na? Uthi wamukela uMoya oNgcwele *lapho* ukholwa na? Kwathi, "*Ngemuva* kokuba

nikholiwe lapho-ke nabekwe uphawu ngoMoya oNgcwele wesithembiso.” Qaphelani:

> *Oyisibambiso sefa lethu kuze kube ngukuhlengwa kokungokwakhe, ukuze kutuswe inkazimulo yakhe.*

99 Manje, sithola lapho-ke ukuthi *uphawu* lusho ukuthi “yinto eqediwe noNkulunkulu, sekuvele kuxazululiwe.” Futhi wonke amakholwa abekwa uphawu ngalesi sithembiso kusukela khona kanye ekuqaleni, ngoba ngaphambi kokusekelwa kwezwe samiselwa ekubeni ngabantwana kwamadodana. Ngaphambi kokuba izwe lize liqale! O, yeka ithemba. Lokho kusenza siphumule ngokuqinile futhi siqinisekile. Ihange emphefumulweni singaphonswa ngapha nangapha, kodwa sigxiliswe okwehange kuKristu, ithemba eliqinisekile. “Wasimisela ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ekubeni ezimweni zobuntwana kwamadodana ngoJesu Kristu.” O, kumangalisa kanjani! Ngiyakuthanda ukuthi: “umsebenzi osuqediwe” noNkulunkulu.

100 Manje, angicaphune nje omunye umBhalo kini. “Bonke labo Abazi ngaphambili, Ubabizile; bonke Ababizile, Ubalungisisile; bonke Abalungisisile, Ubakhazimulisile.” Yonke indlela kusukela ekuqaleni, uNkulunkulu, emqondweni waKhe omkhulu ongenamkhawulo, wabona kusengaphambili iBandla laKhe futhi walimisela ngaphambili esimweni santwana ngoJesu Kristu, ukubanikeza ukuPhila okuPhakade ekupheleni konyaka. Into enhle kanje pho! Mfowethu Neville, lokho nje kungenza ngizizwe ngingcono kakhulu. Akunjalo kuwe na? O, ya. Isimo sabantwana ngeGazi likaJesu Kristu!

101 Manje, qaphelani njengoba sisaqhubeka. Manje, siyazi ukuthi kungoqediwe-. . . Simiselwe ngaphambili ngeWundlu. UMoya oNgcwele uluPhawu lwethu. I*sibambiso* kusho ukuthi “kuningi okusazoza.” Sinesibambiso kuphela saKho manje. Isibambiso siyidiphozithi nje (O, kuhle kangakanani!), idiphozithi nje ekubambayo futhi ikuvikele futhi ikubambise okwehange ukuze kungabikho ongakuthinta. Yisibambiso sesimo sobuntwana sethu. Amen. UMoya oNgcwele manje uyisibambiso sikaNkulunkulu ezinhliziyweni zethu (sibekwe uphawu), isimo sobuntwana samadodana okusilindele ekupheleni komgwaqo. Amadodana namadodakazi kaNkulunkulu!

102 Asiphenye omunye umBhalo, masinyane, nginakho kubhalwe phansi kuleli elinye ikhasi lapha. KwabaseRoma 8:22, ngicabanga ukuthi kuhle. Manje, ekutadisheni izolo, ngithe ukubhala phansi imiBhalo embalwa lapha engizothanda ukubhekisela kuyo.

> *. . . siyazi ukuthi—siyazi ukuthi konke okudaliweyo kuyabubula kanyekanye kuno*buhlungu *kuze kube manje.*

> *Akusikho lokho kuphela, kepha nathi uqobo lwethu, esinolibo lukaMoya, siyabubula phakathi* kwethu uqobo, *silindele isimo sobuntwana, ukukhululwa kwe*mizimba *wethu.*

103 O, niyakubona na? "Yonke indalo iyabubula," kusho uPawulu. Konke kuyabubula. Buka izihlahla ukuthi zizabalaza kanjani. Buka izimbali ukuthi zikuzabalazela kanjani ukuphila; ukuze nje isithathwa sizidabule. Buka izihlahla ukuthi zizabalaza kanjani ukubamba amagatsha azo ukuthi zicule izinkazumulo kuNkulunkulu. Niyabo? Konke, yonke imvelo, zonke izilwane, zonke izinyoni, indiza kanjani isuke esitheni ngokushesha futhi ibaleke, konke kububula. "Futhi nathi uqobo," kusho uPawulu, "siyabubula, nathi, kanye nabo, ngokuba silindile ukuhlengwa komzimba wethu."

104 Kepha *manje*! *Manje*! Benza yonke leyo minyaka kuze kube *manje*! *Manje* sinesibambiso sefa lethu! O, he! Yini esinayo na? Sinobufakazi bokuthi uNkulunkulu uyaphila. Sinobufakazi bokuthi uNkulunkulu unathi. Sinobufakazi bokuthi uNkulunkulu akasishiyile, ukuthi singabaKhe futhi Ungowethu, ngoba thina (emizimbeni yethu), manje sitabernakele uMoya oNgcwele kaNkulunkulu omemeza uthi, "Abba, Baba." Futhi akukho okungasusa lokho. Sigxilise okwehange kuKristu.

105 Manje, izihlahla azinakho, imvelo ayinakho, kepha nokho sisabubula kanye nabo ngoba kuze kube manje asikakutholi ukugcwaliswa kwesimo sobuntwana sethu. Kepha sinesibambiso sakho, ukuthi saphakanyiswa ezintweni zezwe futhi manje saba ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Sifanele sibe ngabantu abanjani na? O, he, lapho sicabanga ngalokho! Cabanga ngakho!

106 Manje sinesibambiso, umoya wethu ububulela isimo sobuntwana sethu, kepha manje sinesibambiso sakho. Njengoba samukela uMoya oNgcwele, kuyisibambiso sesimo sobuntwana sethu esiphelele noma ukusindiswa okuphelele. O, kuhle kanjani! Ngiyakuthanda nje lokho. Kulungile.

107 Silinde ukugcwala kokwenziwa abantwana kwethu. Lokhu kuzokwenzeka nini na? Ovukweni lokuqala. Yilapho imizimba yethu izoguqulwa khona isuka kulezi zidalwa ezimbi esiyizo futhi sizoba nomzimba ofana nowaKhe uQobo umzimba okhazimulayo, "Ngokuba siyakuMbona njengoba Enjalo, futhi sizofana naYe." Lapho Ebonakala, sibonakala njengaYe. Sizoba nomzimba ofana nowaKhe, umzimba okhazimulayo okhazimulisiwe, nazo zonke izivivinyo nemishikashika yokuphila iyoshabalala enkungwini encane bese isakazeka ukuba ingasayi kuba khona.

108 Futhi lamatabernakele asemhlabeni esibubula kuwo manje, silinde leso sibambiso—leso sibambiso. . .ngensindiso

ngokugcwele esekugcwaleni kwayo okuzayo. Kepha manje kulamatabernakele obumba sinoKuthile okusitshela ukuthi sivukile kuze kube manje. Amen. Yini isibambiso na? Idiphozithi encane ekugcinayo, Mfowethu Dauch. Yisibambiso. Manje, kwathi nje lapho sasithanda izinto zezwe, kwathi lapho sonile futhi senza izinto zezwe, futhi asanganaka uNkulunkulu, sasihlukanisiwe naYe, ngaphandle kukaNkulunkulu, ngaphandle kukaKristu, ezweni; manje, uNkulunkulu uthumele uMoya waKhe oNgcwele futhi ngalokho siphakanyisiwe kulezo zinto. Manje sinesibambiso, ukuthi siyazi ukuthi sedlulile ekufeni sangena ekuPhileni. Amen!

109 Lapha, njengoba bengizama ukukhombisa lokhu *kanje*. *Nakhu* lapho isoni esivamile sigijimela khona, phansi lapha ekugcineni. Manje, umKristu ukhuphuka kancane kunalokhu, uphakama ngaphezu kwayo yonke leyonto. Yileso isibambiso sensindiso yakhe.

110 Manje, ukuthi ningahle nazi ukuthi nini . . . ukuthi imibono yenzani kuwe. Ngakho ngisize, uNkulunkulu ungumahluleli wami, angikaze ngihlose ukuba nomunye. Uma kunjalo, ngizokugcina kimi, niyabo, ngoba ngiyakubona okukwenzayo. Abantu abayilungele inkonzo enjalo, ngakho-ke ufanele ukuyeke, uyabo, hamba uye emuva lapha. Kodwa uma ngike ngize ensimini futhi, ngiyoba ngumvangeli. Kepha bukani lapha. Kulokhu lapha, ngibuyela phakathi lapha, phezulu phakathi lapha, ukhuphukela kulokhu kwaseZulwini phezulu phakathi lapha. Uhlala khona lapho kulawo mazinga lapho. Uhamba ngaphezu kwakho konke umuntu angacabanga ngayo, ngaphezu kwanoma yini yalezo zinto. Futhi kukulethela kulezo zikhala lapho.

111 Kepha, uyabo, manje sinakho, ngoMoya oNgcwele, isibambiso sefa lethu ngoba siphakanyisiwe sasuka ezintweni zezwe; futhi sigibela kanye nezwe, kepha singaphezulu kwezwe! O Mfowethu Neville, Nkulunkulu yiba nomusa futhi uphe iBandla likaNkulunkulu ophilayo . . .

112 Uma sike sifike endaweni ukucabanga ukuthi ibandla, ibandla elihle, ukuthi, "Sizama ukuqhathanisa nezinto zezwe. Sizama ukuba neqembu elingcono lebhaskhethibholi kunalelo abanalo. Sifanele sibe nesakhiwo e—esingcono. Sifanele sibe nomdlalo wokuluthana ongcono. Sifanele sibe nokungcono *lokhu* nokungcono *lokho*, noma *lokho*." Ngani, singake size siKuqhathanise nobuhle obukhangayo nokucwebezela kwezwe na? Asiyikho . . . iVangeli alisikho *ukucwebezela*; Liya*khazimula*. Kunomehluko phakathi kokubenyezela nokukhazimula.

113 Niyabo, siyazungeza nje, njengoba ngishilo, sithatha isidumbu esisodwa—esisodwa sisuka emoshali eyodwa siya kwenye, sishintsha amalunga nezinto ezinjalo. Awu, kusisiza ngani na? Futhi sizama ukulenza libe elibenyezelayo, isicongo

sendlu yesonto esihle esikhulu, izindawo ezinhle ezinkulu. "Sifanele sibe nengcono kuneMethodisti noma engcono kuneBaptisti, futhi sonke sizama ukuncintisana neKatolika, futhi sinemidlalo yokulutha namaphathi nokudla kwakusihlwa nokubungazana, nakho konke."

114 Ibandla alisoze laqhathaniswa nezwe. Wena nokubungaza kwebandla lakho ungake uqhathaniseke kanjani kanye neMasonic Lodge noma—noma omunye walabo bantu ongabungaza na? Lokho yizizinda zabo. Ungazami ukuwela ezizindeni zabo.

115 Kodwa sineNto ethile abangenayo! SinoJesu. Bavumele beze ngapha uma befuna okuthile. Hlala kuKristu. SinoJesu. Ngeke ba . . . ngeke babe noJesu baze bafike ngapha. Futhi lapho sifika ngaleya, sesisukile ezizindeni zaKhe.

116 Ungazami ukubenyezela. Khazimula! Futhi awukwazi ukukhazimula, ufanele uKuvumele kukhazimule ngawe. Niyabo?

117 Imfinyezi encane, ayikhazimuli ngoba ifuna ukukhazimula; ngoba i*ya*khazimula, kunokuthile kuyo okukhazimulayo. Kukuyo uqobo, yiyona uqobo ekwenzayo, okuthile ngaphakathi kuyo kuyikhazimulisa nje.

118 Awu, yileyondlela okungayo ngoMoya oNgcwele. Asidingekile ukuba oyinqaba, ukuba ngohlukile, ukuba noma yini enye, vele ukhululeke futhi uphile impilo yokumesaba uNkulunkulu futhi uvumele uNkulunkulu aphile kuwe. Lokho kuzokhazimulisa iVangeli. Niyabo? Hhayi ukubenyezela; *ukubenyezela*, okwenza izinkawu zigxume ezintweni ezinjalo, noma yini ebenyezelayo. Uyazi, zihlala zigxumela okuthile "lokho okucwebezelayo." Kodwa *ukukhazimula* nguku "bumnene, ubumnandi obuzothile buka—bukaMoya oNgcwele."

119 Manje silindele lolovuko. Awu, manje, niyaqonda na? Thanini "amen" uma niqonda, engikushoyo ngokuthi "isibambiso." [Ibandla lithi, "Amen!"—Umhl.] Sibe . . . Si—siyazi ukuthi sidlulile ekufeni sangena ekuPhileni ngoba siphakanyisiwe. Siphakanyisiwe hhayi kithi uqobo, kodwa saphakanyiswa ezintweni zezwe, ukuthi sithanda wonke umuntu. Futhi uNkulunkulu uyasithanda, futhi siyakwazi. Futhi sibhekisisa izimpilo zethu futhi sibona ukuthi NguMoya oNgcwele, ngoba asisazikhathaleli izinto zezwe. Niyabo? Nakho lapho ukhona. Inqobo nje uma usathanda izwe noma izinto zezwe, khona-ke uthando lukaNkulunkulu alukho kuwe okwamanje. Niyabo? Kepha inqobo nje uma ungaphezulu kwalokho, khona-ke uyazi ukuthi unefa lakho, niyabo, u—usendleleni yakho eya ekuhlengweni kwakho okugcwele.

120 Futhi, manje, lokho ngeke kufike, niyabo, kuze kuba sesenzile kuqala . . . Kuqala simele sibone uJesu. Futhi uma

Efika, khona-ke sizoba nomzimba ofana nomzimba waKhe futhi sizokwenziwa sifane naYe. Kulungile.

121 Manje, sibona okuthile okwalahleka lapha (ngoba iBhayibheli lasho njalo, naseNcwadini lapha) lokho—lokho okusihlengile. Sihlengwe kwini na? Okuthile okufanele ukuthi sikulahlile. Ngaphambi kokuba uhlengwe, kufanele kube nokuthile okusihlengela emuva. Futhi lonke ifa ebesikade sinalo liye la—liye lahlengelwa emuva. Khona-ke kumele ngabe saba nokuthile ngesinye isikhathi esingenakho manje, kodwa leliWundlu lifikela ukuhlenga. Niyabo? Saba nokuthile esalahleka kukho.

122 Manje qaphelani. Yini eyasilahlekela na? Awu, kwanikwa u-Adamu ukuba abe nokuPhila okuPhakade, inqobo nje uma edla esiHlahleni wayenokuPhila okuPhakade. Futhi siyaqaphela futhi ukuthi u-Adamu waye...u—udla ifa lomhlaba. Waye...njengonkulunkulu omncane phezu kohlaba. Umhlaba wawungowakhe. Konke kwanikezwa esandleni sakhe, wayengenza ngawo konke ayekufuna. Wakuqamba, wakubiza, wenza noma yini ayekufuna. Wayeyindodana kaNkulunkulu ngempela.

123 Manje, ekuweni, u-Adamu walahlekelwa yilungelo letayitela ngalokho. Walahlekelwa yilungelo laya kuSathane. USathane wathatha incwadi yobunikazi. U-Adamu wayevilapha kakhulu, futhi akawahlenganga amalungelo akhe ngenxa yokuthi wayengeke akwazi ukuhlenga amalungelo akhe. Kepha Sathane, okungelona elakhe ngokomthetho, kepha uliphethe lelo, ungunkulunkulu walomhlaba. IBhayibheli lasho njalo. Uliphethe lelo. Hhayi ngoba ukuthi u—ukuthi u—ulithola ngokusemthethweni ngempela, kepha uliphethe. Manje niyakuthola na? USathane uliphethe lelo, ulibambe ngesandla sakhe. Ukufa kusesandleni sakhe, umhlaba usesandleni sakhe, izwe lingelakhe, zonke izizwe zingezakhe, ubusa futhi alawule izwe lonke nakho konke okusezweni. USathane uyakwenza!

124 Kepha sibonga uNkulunkulu asisiye owomhlaba. Niyabo? Ngakho-ke nakho—nakho lapho ukhona. Niyabo? Futhi si... angiqondile iBandla; akalilawuli iBandla. Ulawula izwe nje. Wathi babengabakhe, futhi ungunkulunkulu wezwe. UJesu wathi wayenguye, futhi unguye. "Ungunkulunkulu walelizwe, uphuphuthekise amehlo abantu," unkulunkulu walelizwe. UnguNkulunkulu waseZulwini. Futhi manje ngokwelungelo akasiye umnikazi waleli. Alisilo elakhe.

125 Kodwa yena ulahlekelwa yilungelo...no-Adamu walahlekelwa yilungelo letayitela kulo, kulokhu, konke lokhu esingabaninikho, ukuPhila okuPhakade nokudla ifa lomhlaba. UJesu wathi, kuMathewu 5, "Babusisiwe abamnene ngokuba bayakudla ifa umhlaba." Niyabo? Manje, asinakho manje.

126 Futhi, bukani, kwakungelona elika-Adamu noma enye yenzalo yakhe. Inzalo ka-Adamu yalahlekelwa yikho konke ngokuphelele, nayo. Akuyona inzalo ka-Adamu. Akunandaba ukuthi sizama kangakanani ukwenza muhle lelizwe, nokuthi sizama kangakanani ukwenza amakhaya amakhulu amahle nezinto, namanje alikakabi ngelenzalo ka-Adamu. Qhabo, mnumzane. Akuyanga enzalweni ka-Adamu, qhabo, mnumzane, ngoba uSathane walithatha lonke, ngokuphelele. Kunjalo! Ngoba u-Adamu walahla ikungelo lalo.

127 Manje, o, he! Yebo, ziningi kakhulu izinto ezingashiwo. A—angifuni nje ukuthatha isikhathi esiningi manje, ukuze sibe ne, ukubhaphathiza. Kulungile.

128 Uliphethe kodwa akasiye umninilo ngokusemthethweni, uSathane uyakwenza. Ngenkathi umnikazi wangokomthetho—umnikazi wangokomthetho—umnikazi elahlekelwa yilo, kunendlela eyodwa kuphela elingahlengwa ngayo. Manje, leyo kungesihlobo somndeni esiseduze, nguye kuphela ongakwazi ongalihlenga ngokusemthethweni. Manje, kusobala, lokhu sinakho ngokuzalwa yintombi kukaJesu Kristu.

129 Manje, ngifuna ukusho okuthile lapha. Into yokuqala esifuna ukubuyela kuyo, ngukuthi, uma sibuyela emuva e—eTestamenteni eLidala lapha, ngiyakholwa ukuthi nginakho kubhalwe phansi lapha ndawo ndawo, uLevitikusi 25. KuLevitikusi 25:23 no 24, ungathola imithetho yokuhlenga, wena obhala phansi. Ukuhlenga noma yini lapho umuntu... Lapho uNkulunkulu enike u-Israyeli kwakhe...wahlukanisa izwe lawo ngoJoshuwa, isizwe ngasinye futhi umuntu ngamunye wanikezwa umhlaba lapho abantwana bakhe badla ifa lelo aye—ayeliphethe.

130 Manje, uma lo muntu ebampofu futhi walahlekelwa noma yini yaya komunye umuntu, lokhu...futhi ukuphela kwendlela okungahlengwa ngayo bekungaba ngesihlobo somndeni esisondele. Kepha ekugcineni lifanele libuye. Le ndoda ilibamba kuphela okwenani lesikhathi esithile. Lifanele libuyele kumnikazi wasekuqaleni. Kunjalo! Lifanele libuyele kumnikazi wasekuqaleni. I...ukuba wayephuma esizweni sakwaJuda, ukube kwakungu...Ukube wayelapho futhi lokhu kwabelwa ubaba wakhe, kwase-ke kuba kuye, noma esinye isihlobo somndeni esiseduze besingakuthatha. Kepha, manje, akekho omunye umuntu owayengakwazi ngokusemthethweni... Babengalibamba, babengakwazi ukubamba incwadi yobunikazi yalo. Babengabamba incwadi yobunikazi kuze kube yilapho isikweletu sasesikhokhiwe, kodwa lapho kuza indoda efanele, umuntu ozo...

131 Asithi, okwesibonelo, uma benginesiqephu sempahla futhi sangilahlekela, ngase ngisithengisela uMfowethu Neville ongowesinye isizwe, wakwaJuda, noma mhlawumbe

ngasithengisela umfokazi. Futhi wayengumniniso ngokusemthethweni, wayengumniniso, ubengangena lapho futhi awulime futhi asuse izimpahla kuso, njalo njalo, kodwa empeleni ubephethe incwadi yobunikazi. "Wayengebe ngumniniso," lowo kwakungumthetho kwa-Israyeli. Manje funda u—funda kuLevitikusi 25, futhi uzobona ukuthi babengeke babe ngabanikazi ngokusemthethweni; wavele wasi*bamba* nje.

132 Awu, manje, ngokwesibonelo, indodana yami yayifuna . . . uBilly, emuva lapho, wayefuna ukuthatha okwami . . . weza ukuzothenga lo mhlaba. Awu, khona-ke, uma umfokazi noma uMfowethu Neville noma—noma omunye umuntu owayengumnikazi waso, wayephethe incwadi yobunikazi yaso . . . Manje, uma lo ubeyisihlobo somndeni sami esiseduze, ubeyisihlobo sami segazi, angeke esakwazi ukusibamba isikhathi eside. Qhabo, mnumzane. Ubefanele anikezele ngaso, yebo, mnumzane, lapho leyo ntengo isikhokhiwe, lapho esemnikile, athi, izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu zamadola ngesiqephu sempahla.

133 Awu, khona-ke, ngithi, uMfowethu Tony uzoza futhi athi, "Mfowethu Neville, ngizothenga impahla kaMfowethu Branham." Ubengeke akwazi ukukwenza.

UMfowethu Neville uthi, "Qhabo, mnumzane, angifuni ukuyithengisa."

"Awu, yini ongayinikeza ngayo na?"

"Izinkulungwane ezingamashumi amabili nanhlanu."

"Awu, ngizo—ngizokunika izinkulungwane ezingamashumi amathathu nanhlanu. Ngizokunikeza *ukuthi-nokuthi*."

"Angikhathali ukuthi ufunani. Angifuni ukuyidayisa, ngizoyigcina."

134 Kodwa uBilly Paul angafika bese ethi, "Ngifuna impahla kaBabayi, nazi izinkulungwane zakho ezingamashumi amabili nanhlanu." Ubefanele ayidedele ihambe. Kunjalo, ngoba lokho kwakungumthetho.

135 O, haleluya! Mm! Ngiyethemba nina maKristu niyakubona. Singusawoti womhlaba. UNkulunkulu wanikeza lokhu kumadodana aKhe. Wasinika amandla esikhundla phezu kwayo yonke imvelo, zonke izilwane, konke ukuphila yonke indawo. Kepha u-Adamu, ubaba wethu, walahlekelwa yilungelo lakho kuSathane. Kepha liwela kuphi na? KuMnikazi osemthethweni, uNkulunkulu Owalenzayo. Amen!

136 Akumangalisi uJohane wathi "wakhala kalusizi" ngoba engamtholi umuntu owayefanelekile ukulihlenga. Indoda ifanele ibe efanelekile. UJohane wathi, "Ngakhala kalusizi lapho kungekho owayengakwazi ukuthatha iNcwadi noma ukubheka kuYo noma ukuqaqa izimpawu zayo." Wathi, "Hhayi . . . Akukho

muntu eZulwini, akukho muntu emhlabeni, akukho muntu phansi komhlaba, akukho muntu yonke indawo."

137 "Akukho muntu." Manje, akazange azidelele iziNgelosi. Khumbula, lo mhlaba awunikezwanga iziNgelosi. Yifa lomuntu. UGabriyeli wayekufanele, impela; omunye umuntu wayefanelekile, uMikhayeli kungenzeka ukuthi wayenjalo. Hhayi njenge. . .Kungenzeka ukuthi wayefanelekile ukukwenza. Kepha kwakungekho muntu ofanelelekile. Niyabo? Futhi uJohane wakhala kakhulu.

138 Omunye wathi, "Ngenxa yokuthi wazithola engafanelekile." Lokho akunjalo. Indoda yayingaphansi kokuthonya kukaMoya oNgcwele, yayingenze iphutha elinjengalelo. Kepha yona—yona yayi. . .yona—yona yayi—yona yayi. . .kwakungeyona kungeyona kuphela efanelekile, wayengethole muntu ofanelekile.

139 Ngakho-ke nje lapho wathi, "Ilunga leza ngaphambili noma ingelosi enamandla, yathi, 'Ungakhali, ngokuba iNgonyama yesizwe sakwaJuda,'" (Amen!) "'iMpande kaDavide, Iyahlule!'" Amen! "'Inqobile,'" ngamanye amagama. "'Ifanelekile ukuthabatha iNcwadi!'" Amen.

140 Khumbulani, wayengakaze aYibone kuze kube yilesi sikhathi. Ngani na? Wayehleli e. . .wayehlezi esiHlalweni sobukhosi phakathi lapho, isiHlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Wayengaphakathi endaweni engcwele. Wayengakaze aMbone kuze kube yilesi sikhathi, ngakho uJohane wayelindele ukubona i—iNgonyama iphuma, kepha wabona iWundlu!

141 Nakho lapho nikhona, bafowethu. Ngobumnene, ngobumnandi, ngoMoya oNgcwele esinqoba ngakho. Hhayi ngomdondoshiya othile onobuhlakani onamandla amakhulu, kepha lowo ongazithoba yindoda enqobayo. Indoda engakhahlelwa ngapha nangapha futhi ibe isalokhu iyinceku kaKristu, lowo ngumnqobi.

142 Manje, wathi, "Inqobile. Futhi Ifanelwe ukuthabatha iNcwadi nokuyivula nokuqaqa izimpawu zayo."

143 Manje, sizothola ngemuva kwesikhashana, mhlawumbe hhayi namhlanje, kodwa ukuthi lezi zimpawu eziyisikhombisa ziphethe ini, ezakwenzayo.

144 Manje, asithathe kancane eku "hlengweni." Ngaphambi—ngaphambi kokuba lo muntu engaba. . .engahlenga, into yokuqala, ubefanele abe ngofanelekile, ubefanele abe luhlobo lomuntu olufanelekile. Ngakho-ke lokhu kwafezekiswa ngenkathi uJesu Kristu esezaliwe, ukuzalwa yintombi, ngokuba WayenguNkulunkulu. WayenguNkulunkulu qobo lwaKhe enziwe umuntu, WayenguNkulunkulu enyameni yomuntu. Wayefanele ukuba afaneleke; neGazi lentombi likaJesu Kristu laMenza afaneleke. Manje, sithola ukuthi, uma ufuna ukuya emBhalweni wakho, kaPetru wokuQala 1:18 kuye ku 20,

uma ugcina imiBhalo phansi. Wayefanele afaneleke. Futhi Wayefanelekile, ngoba Wathatha kuYe isimo somuntu. Waba umuntu, uNkulunkulu waba isihlobo somndeni kithina. Futhi lapho sithola-ke ingxenye enhle kaNkulunkulu uJehova enziwe inyama futhi wakha phakathi kwethu njeNgofanelekile. Amen.

145 "Wahlula." UNkulunkulu wathatha isimo senyama yomuntu, Weza emhlabeni, wazalwa ewusana futhi wahamba phakathi kwethu. Futhi ngeGazi laKhe elingcwele Wanqoba.

146 Manje, eTestamenteni eLidala, umuntu wayemmemezela kanjani owakhe, wenzani na? Wathatha ilunga, amalunga ayishumi, futhi waya esangweni futhi wazisa lokho ayekwenza, ukuze ahlenge obekulahlekile, futhi wakhombisa ukuthi wayengubani, futhi wanikezwa ubufakazi. Sithola indaba enhle lapha (Njengoba benginenothi elincane elibhalwe lapha... ukuze ngingezukukhohlwa, ngokuba novalo kulokhukusa.) phezu kukaRuthe, isihlobo somndeni noBhowazi. Sedlule kukho esikhathini esingeside esedlule. Ngifuna niqaphele izigaba ezintathu manje zalokhu kuphumula.

147 Ngifuna ukuba niqaphele ukuphumula kweBandla, into efanayo ncamashi nje. Manje, bhekisisa. Indawo yokuqala esiyitholayo, njengoba sonke sedlule kuleyo ntshumayelo, *UMhlengi Oyisihlobo Somndeni*, uNkulunkulu waba yinyama ukuze abe nguMhlengi. WayeNguye lapha esahlukweni 5—esahlukweni 5. Wathi:

> *Kwakungekho namunye ezulwini, nasemhlabeni, nangaphansi komhlaba, owayenamandla okuyivula incwadi, abuke kuyo.*
>
> *Ngakhala kakhulu, ngokuba kungafunyanwanga namunye ofanele ukuyivula* iNcwadi noma *afunde—* noma *afunde incwadi, abuke kuyo.*
>
> *Futhi omunye wamalunga* wathi *kimi, Ungakhali: bheka, inqobile iNgonyama yesizwe sakwaJuda, iMpande kaDavide,* i*nqobile ukuba ivule incwadi, nokuthukulula izimpawu zayo eziyisikhombisa.*

NguYe, UyiLowo esimbhekile.

148 Qaphelani ukuthi uRuthe...kanjani...noNawomi, uBhowazi uyisithombe esiphelele nje. Ukuthi uNawomi ngesikhathi sendlala walishiya kanjani ibandla, washiya izwe, wawelela ezweni lakwaMowabi ukuba ahlale lapho futhi agongobale phakathi lapho. Walahlekelwa yikho konke ayenakho. Futhi ngenkathi ehamba, umyeni wakhe, U-Elimeleki, wafa ngenkathi babengalapho, ngakho-ke lokho kwashiya ifa lakhe ukuba lidliwe noma ngubani. Ngakho-ke lapho sesibuya...lapho ebuya, ubuyisa umfelokazi osemusha omuhle ongumMowabi kanye naye. Futhi ngenkathi uBhowazi esebone lo mfelokazi, umfanekiso kaKristu, wamthanda. Futhi wayemthanda. Ngakho-ke, wayefanele ahlenge,

okuwukuphela kwendlela ayengathola ngayo ukuba abe ngumkakhe kwakungukuhlenga lokho umfowabo, u-Elimeleki, ayelahlekelwe yikho.

149 Futhi ngakho-ke wabuza omunye umfowabo uma wayengalihlenga, oyedwa oseduzane naye, futhi akakwazanga ukukwenza. Ngakho-ke wehlela ukwenza isibonelo esiphelele semithetho kaNkulunkulu. Waya emasangweni futhi wakhahlela isicathulo sakhe, futhi wathi, "Makwazeke namuhla ukuthi ngikuhlengile konke lokho uNawomi ayenakho. Konke anakho, konke u-Elimeleki (umfowethu) okumlahlekele, ngiyisihlobo somndeni esiseduze manje, futhi yimi engingakuhlenga ngakho-ke ngize ukukubiza. Uma kukhona umuntu lapha ongabonisa imbangela elungileyo ukuthi kungani, noma ngubani osondele kunami, makwazeke." Futhi wonke umuntu wagcina umlomo wakhe uvaliwe. Ngakho-ke wakhahlela izicathulo zakhe futhi waziphonsa ukuba zibe ngubufakazi, "Ngikuhlengile konke lokho umfowethu, u-Elimeleki, ayenakho." Ngani na? Wayeyisihlobo somndeni. Wayengumhlengi oyisihlobo somndeni. O, kuhle kanjani! Indaba emnandi kanjalo.

150 Bese kuthi-ke, sonke lesi sikhathi, uRuthe wayephumule futhi elinde ukuthola ukuthi bekuzophuma kanjani. Khona-ke uyabuya, akekho owayenganikeza ubufakazi obuphikisana nakho. Wabuya futhi wathatha uNawomi . . . futhi wathatha uRuthe, intombazane enhle yakwaMowabi, futhi babeganene futhi baphila ngalelifa. Indaba enhle kangaka pho!

151 Kunezigaba ezintathu zikaRuthe. URuthe—uRuthe, *ethatha isinqumo*; wayethatha isinqumo sokuthi uzokwesenza isinqumo noma qha, abuyele ezweni lakubo (njengeBandla). URuthe, *ekhonza*; lapho ephuma ukuyokhothoza. URuthe, *ephumula*; yilokho uRuthe akwenzayo manje (iBandla). Manje uRuthe, *evuzwa*; manje kulapho, noma, into elandelayo eyenzekayo (ngumvuzo weBandla).

152 Manje, asikwazi . . . Anginaso isikhathi, ngoba ninenkonzo yombhaphathizo futhi sekuyimizuzu eyishumi nanhlanu ngemva kweshumi nanye manje. Kepha mhlawumbe sizothatha lokhu ngeSonto elizayo noma elinye iSonto esikhathini esizayo, iNkosi ithanda. Futhi ngithanda ukuthatha lokhu ezansi lapha, ukukhombisa lezi zimpondo eziyisikhombisa namehlo ayisikhombisa, futhi zona kanye lezo zimpawu eziyisikhombisa, izinkonzo eziyisikhombisa, izingelosi eziyisikhombisa zebandla, izinkanyezi eziyisikhombisa, sikh- . . . O, lezo ezimbalwa nje . . .

153 Futhi lapha kubophela yonke into ndawonye. Yebo, mnumzane. "Bekumele kufanele," ngakho-ke uJesu ukufanelekile. Ekubuyeni kwaKhe sizokuthokozela ngokugcwele konke ukugcwala kwezibusiso zokuhlenga. Abamnene bayakudla ifa lomhlaba. Abesilisa nabesifazane

bayakubuya: amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Futhi ukujikeleza okuphelele kwesikhathi seminyaka eyiNkulungwane kuyoqala. Into enhle kanje pho!

154 Futhi iNgelosi enamandla enephimbo elikhulu, imemezela, "Ngubani ofanelekile na? Ubani okwaziyo ukwenza lokhu na?"

155 Futhi khona-ke ilunga lathi, "Ungakhali, ngokuba iNgonyama yesizwe sakwaJuda, Ifanelekile futhi Inqobile."

156 "Wayesethabatha iNcwadi futhi wavula iNcwadi wase ethukulula izimpawu zayo." Ayizange isho ukuthi kwenzekani kubo. Lapho sishaya lezo zimpawu eziyisikhombisa zivulwa khona kanye ezansi udabula eBhayibhelini, bhekisisani okwenzeka. Khona kanye kuleNcwadi enezimpawu eziyisikhombisa esingena kuyo manje, iphethe yonke imfihlakalo yazo zonke izibusiso zikaNkulunkulu zokuhlenga. Khumbulani, UyiWundlu, nguYe kuphela Owayihlenga. Futhi, khumbulani, kubekwe uphawu kwingemuva leNcwadi, akulotshwanga ngaphakathi. Kubekwe uphawu kwingemuva, futhi akulotshiwe ngaphakathi. Futhi wayenguYe kuphela Owakwazi ngisho ukuvula iNcwadi noma ukwambula iNcwadi noma ukwambula izimpawu, Yena kuphela owayengakwenza.

157 Ngakho-ke lena yinto eyodwa, bangahle bahlakaze ngalokhu phakathi lapha, mayelana nokuthi kuyini, kepha NguYe oLihumusha ngokwaphezulu. Kepha kwingemuva lapha akekho ongakwenza. KungokwaKhe futhi Yena yedwa, futhi NguYe ongembula lezo zimfihlakalo eziyisikhombisa. Futhi bhekisisani ukuthi yonke ingxenyana yakho isekuhlengeni, ukuthi iBandla lahlengwa kanjani nokuthi kuzoba yini ukuhlenga.

158 O, asiMthande nje ngakho konke kwezinhliziyo zethu, senze konke esingakwenza.

159 Umbhali othile wayebhala indaba. (Ngaphambi nje kokuba ngivale bese ngiphendulela inkonzo ibuyela kuMfowethu Neville.) Ngabe niyasijabulela iSambulo na? O, ngiyasithanda nje. Sibe nje namavesi amathathu aso kulokhu ukusa, kodwa sizosicosha futhi. Qaphelani. Sivele nje . . .

160 Umbhali wayebhala incwadi mayelana nentombazane encane eyayizama ukuthola uNkulunkulu.

161 Futhi izikhathi eziningi kakhulu ukuthi sifunisisa uNkulunkulu futhi sifune uNkulunkulu, futhi ukube uNkulunkulu ubekhona yonke indawo futhi wena . . . Wayenokukhulu kakhulu . . . Awu, uma Wayenesihlalo esikhulu sobukhosi esibekwe lapha ndawo ndawo, wonke umuntu ebengakholwa nguNkulunkulu khona-ke. Uma uNkulunkulu ehlala esihlalweni esikhulu sobukhosi lapha ndawo ndawo; uthi, "Uhlala kuleli dolobha elithile futhi Nangu. Lo nguNkulunkulu futhi uya kuYe. Angavele nje" [Umfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] "akuphendule *kanjalo*," ngani, wonke umuntu ubeyoMkholwa. Khona-ke ukukholwa bekuyoba

yize. Besingeke sibe nokukholwa nakancane khona-ke, niyabo, lokho bekuyoba yikho. Lokho kuzoba sesikhathini semiNyaka eyiNkulungwane, kepha manje Uyabiza futhi uyazama ukuthola labo aba…Kubukeka kungaqondakali futhi kumnyama, futhi, awazi ukuthi ukwenze kanjani. Kepha ngokukholwa siyaKukholwa! Siyakholwa. Yingaleso sizathu kunjalo. Uyakuqonda lokho, Mfowethu Elmer na? Niyabo? Lokho…

162 Manje, ukuba uNkulunkulu ubehlale esihlalweni sobukhosi. Futhi wathi, “Ngani, nangu U…nango U…nangu uNkulunkulu. Uhlala ezansi endaweni ethile, sizokwehlela lapho.” Futhi sithi, “Mnumzane othandekayo, Nkulunkulu, ubungakwenza?”

“Yebo, Ngizokwenza.” “Sss!” Futhi bekuzokwenziwa, niyabo. “Awu, kusobala, lowo nguNkulunkulu. Niyabo? He, siyakubona lokho.” Ngakho-ke bekungebe nasidingo… ukukholwa bekuyokwenziwa ize. Ukukholwa akusizi ngalutho uma unesiqiniseko.

163 Bekungathiwani ukuba wonke umuntu kulelizwe ubengumKristu na? Bekungathiwani ukuba wonke umuntu ubengu—umKristu ogcwaliswe ngoMoya na? Ngani, besingekudinge ukukholwa, besingedinge ukukholwa nhlobo. Futhi ukukholwa yiyona kanye—yiyona kanye into esisindiswa ngayo, ukukholwa. Futhi yingalesosizathu kufanele kube nabathile abangavumelani naKho, ukuze sikwazi ukusebenzisa ukukholwa. Ngabe niyakuqonda manje na? Ufanele ube nolunye uhlangothi. Niyabo? Ufanele ukuba nowesifazane omubi ukwenza owangempela avelele. Niyabo? Kufanele kube namanga ukwenza iQiniso libe ngeliyilo uLenze likhanye kahle. Ukube konke kwakuyiQiniso, beKuyoba nje into evame kakhulu, niyabo. Niyabo? Kepha, niyabo, kuyinto yasebukhosini, kuyinto yangempela, lapho iQiniso nokukholwa nokunye nokunye. Manje, nakho la sikhona.

164 Manje, sifanele sibe nalezi zinto ezivumelayo neziphikisayo. Yileyondlela okuhamba ngayo. Ufanele ube nezinsuku ezinhle zokukwenza ujabule…noma izinsuku ezimbi ukuze ujabulele okuhle. Ufanele ube nokugula okuncane ukukwenza uthola impilo enhle. Niyabo? Futhi ufanele ube nezigodi zakho ukukwenza ujabulele iziqongo zezintaba. Futhi ngakho-ke ezinye zalezi zinsuku konke kuzoba isiqongo sentaba, konke kuzoba yimpilo, konke kuzoba nguNkulunkulu, konke kuzoba injabulo, nje…kuzoba—kuzoba khona izinjabulo ezingapheliyo. Kepha kuze kufike leso sikhathi, niyabo, ufanele ube nalezi zinto ezivumayo neziphikisayo.

165 Manje, wonke umuntu uyakuqonda lokho, thanini “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen!”—Umhl.]

166 Le ntombazane yayixoxa ukuthi yayizama ukuthola uNkulunkulu yonke indawo lapho eyaya khona. Iyoya kuleli bandla nakulelo bandla, nokunye okunye, kepha ayiKutholanga. Futhi lapho isikutholile yehla ngomgwaqo, kwakukhona encane, ikhehla lehla ngomgwaqo, umfo omncane, nayenesonto elikhulu lonke emhlane wakhe. Wayehamba ehla ngomgwaqo. Futhi yathi, "O, ndoda elungileyo!" Yathi, "He, lokho kuhle kabi kabi ngawe," yasho, "kodwa u—u—unakho konke emhlane wakho." Yathi . . . "Kuzokufahlaza."

Yathi, "Qhabo ngeke kuNgifihlize," lathi, "ngoba NgiyiDwala elakhiwe phezu kwalo." NguYe Lowo.

Asikhuleke:

167 O Dwala lemiNyaka, ngijabule kakhulu ukuthi ngigibela nje esontweni elikhulu, sazi ukuthi siphumule phezu kweDwala. O, Wathi, iDwala, "Akuseyilutho kunephepha." Futhi njengoba iDwala liqala ukuhamba ngokushesha nalo, izinsimbi ezinhle ziqala ukushaya ngaphakathi. O Dwala lemiNyaka, sifihle emuseni waKho. Sithwale usesihlise ngomgwaqo nomfudlana wokuphila ukuze izinhliziyo zethu zizogcwala injabulo nezindumiso ezincencethayo kuWe indlela yonke.

168 Sibonga Wena ngalokhu kuhanjelwa kulokhukusa kukaMoya oNgcwele eZwini, njengoba Lingena futhi lenze iZwi libe ngokoqobo kakhulu kithi. Thethelela ukwehluleka kwethu nakho konke esikwenzile noma esikushilo okungalungile, sithethelele ngakho. Sisize ukuthi sibe ngamaKristu angcono, Baba Nkulunkulu. Siyakhuleka ukuthi umusa waKho uzophumula phezu kwethu.

169 Ngiyacela, Nkosi, uma kuyintando yaKho, ukuthi singabuya futhi masinyane impela futhi—futhi siqedele lezi zahluko lapha bese sithatha lezi zimpawu eziyisikhombisa. Si—sibheke phambili kuleso sikhathi, Nkosi, ukuthi lapho U—Uzo—Uzosivumela senze lokho. Futhi, Baba, khona lapha ebandleni lethu elincane sikhulekela ukuthi Uzosipha khona, ukuze siqonde lezizinto ezinkulu zikaNkulunkulu. Hhayi ngoba ukuthi kusifanele, Nkosi, kodwa izinhliziyo zethu ezilambile ziyopha ngenxa yakho. Sikhulekela ukuthi Uzosipha khona.

170 Sikhulekela uMfowethu Neville, Nkosi, umelusi wethu othembekile othunyelwe nguNkulunkulu. Simkhulekela ukuthi Uzomsiza futhi umbusise, yena nomkakhe omncane onomoya omuhle, into enhle encane, nabantwana bakhe abancane.

171 Sikhulekela bonke abaphatheli nabadikoni kanye nawo wonke umuntu oza kuleli bandla. Hhayi ngokwethu kuphela, kodwa ngabanye nawo wonke obiza iGama laKho. Ngikhulekela abangane bami abavela ezweni lonke, isaziso esifushane nje futhi nampa balapha. Baba, ngi—ngibonga Wena nje ngalokhu.

172 Ngiyakhuleka ukuthi Uzosheshisa usuku uJesu azofika ngalo futhi sonke siyobuthana ndawonye lapho kungasayikuba

khona imini nobusuku, noma sesingasekho isikhathi, kuzohlanganela ePhakadeni futhi lapho sonke singaba khona ndawonye inguna phakade. Siphe khona, Nkosi.

173 Futhi uma kukhona abanye lapha kulokhukusa, Nkosi, abangakwazi Wena njengoMsindisi wabo, kwangathi bangafuna ukwazana naleliWundlu Eliphethe iNcwadi yemfihlakalo enamatheliswe ngezimpawu eziyisikhombisa ngeSandla saLo. Nkulunkulu, kwangathi singazana naLo ukuze esikhathini esizayo lapho sibona lezo zimpawu ziqaqwa khona-ke sesingabona lokho uNkulunkulu akhuluma kithi ngakho. Siyakucela ngenkazimulo kaNkulunkulu, ngeGama leNdodana yaKhe, uJesu Kristu.

Futhi sisakhothamise amakhanda ethu:

174 Engaba khona omunye uthi, "Ngikhumbule, Mfowethu Branham, lapho usakhuleka, futhi ngithanda ukukhunjulwa emkhulekweni"? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. Futhi uNkulunkulu akubusise, wena, nawe. Yebo. UNkulunkulu abe muhle kuwe. Yebo. Mhlawumbe izandla eziyishumi nambili, noma ngaphezulu, eziphakeme.

175 O Nkosi, Uyazibona izandla zabo, Uyasazi isifiso sabo. Uyakwazi okusenhliziyweni zabo, angazi. Ngiyakhuleka ukuthi Uzokwembulela kubo, Nkosi, ubuhle baKho nesihawu saKho. Banikeze intethelelo nganoma yini. Uma kungukugula, Nkosi, phulukisa imizimba yabo futhi uyiphilise. Yenza Baba, ngenkathi ugcobo lukaMoya oNgcwele lusephezu komhlangano, ngaphezu kwebandla manje. Kwangathi uNkulunkulu omkhulu waseZulwini angagcoba kakhulu ukuthi Uzobusisa wonke umuntu eBukhoneni bobuNkulunkulu, ukuze sikwazi ukumuka sisuka lapha kulokhukusa, sithi, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini ngaphakathi kwethu na?" Siphe khona, Nkosi.

176 Manje, ngibuthakathaka futhi ngikhathele, iphimbo lami lihambile, futhi ngi—ngiyakhuleka nje, Nkulunkulu, ngamandla ami. Uzongisiza na? Uzongiqinisa na? Vala lelo nxeba elincane phansi lapho, Nkosi. Uzokwenza ngicela? Vumela amaFutha aNgcwele kaNkulunkulu angene lapho, futhi angene kulo lonke elinye inxeba, Nkosi, yonke indawo kuwo wonke umuntu. Sifuna ukuphila, Nkosi, odumweni lwaKho nenkazimulo yaKho. Siphe khona. Futhi uphulukise bonke abagulayo nabahlushwayo. Futhi—futhi uthole inkazimulo kuWe uqobo, Nkosi, ngoba siyaqonda ukuthi ngeke kube isikhathi eside size si. . . singeke sisaba nalemihlangano nhlobo; bayobe sebehambile, bayobe sebekokwedlule.

177 Manje, Baba, ubusise, manje, sicela konke ndawonye ngeGama likaJesu Kristu.

178 Futhi-ke, Baba, sizocela futhi ukuthi Ukhumbule labo abazobhaphathizwa kulokhukusa eGameni leNkosi uJesu, ukuthi Uzobanikeza umbhaphathizo kaMoya oNgcwele,

inkazimulo enkulu nodumo. Siphe khona, Baba. Sinikela konke kuWe manje.

179 Futhi, Baba, ngakho konke lokho, ngiyaziphonsa phakathi. Ungangikhohlwa, Nkosi, ngisize nje manje. Ngiyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

